## LUYINI UHLELO LWENSINDISO?

Uhlelo lwensindiso* luhuhlelo lukaNkulunku lwenjabulo kubantwana Bakhe. Lungaphakathi koku Hlawulelwa kukaJesu Krestu. Uma uzolandela imfundiso kaJesu Krestu, uzakuthola uxolo olungapheli ngaphakathi kuwe kulempilo kanye nenjabula yaphakade emva kokufa.

Njengoba ufunda ngohlelo lwensindiso, uzakuthola izimpendulo kulemibuzo: "Ngivelaphi" "Iyini injongo yami empilweni?" "Ngizoya kuphi emva kwalempilo?"

## NGIVELAPHI?

Impilo yakho ayiqalanga ekuzalweni kwakho, futhi angeke iphele ekufeni kwakho. Udalwe ngo moya umzimba (ngesinye isikhathi kubizwa ngothiwa umphefumulo) kanye nomzimba wenyama. uBaba waseZulwini udale umoya wakho, futhi bowuphila Naye njengomoya ngaphambi kokuzalwa kwakho lapha emhlabeni. Bowumazi futhi umthanda Yena, futhi Yena wayekwazi futhi ekuthanda. Lesikhathi sibizwa ngokuthiwa impilo yomhlaba wokuqala.

> *"Uhlelo lwe[nsindiso]. . . lwalungiselelwa kwisisekelo somhlaba, ngoKrestu, kubobonke abazakukholelwa egameni lakhe."*
>
> **uAlma 22:13**

Kuyoyonke impilo yomhlaba wokuqala, wafundiswa imithetho kanye nemiyalelo leyo ezakuholela kwinjabulo yakho. Wakhula ngokuhlakanipha futhi wafunda ukuthanda iqiniso. Wafundiswa ngohlelo lwensindiso. Ngalesikhathi sempilo yomhlaba wokuqala, uJesu Krestu wakhethwa njengoMsindisi; wena wafunda ukuthi Ngaye uzakwazi ukunqoba umphumela wokhetho olungalunganga.

Ingxenye yohlelo elibalulekile likaNkulunkulu kwakuwukuthi wena uze emhlabeni uthole umzimba futhi ufunde ukwenza

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***Umndeni uphakathi kohlelo likaBaba waseZulwini.***

ukhetho olulungile. Angeke ukwazi ukukhumbula ukuphila phambi kukaBaba waseZulwini, kepha Yena uzakunikeza ikhono lokwazi ukuhlukanisa okulungile nokungalungile. Uzakwazi ukubona uthando Lwakhe kanye neqiniso. Ngezifundo kanye nokunyamezela kwakho, ungakwazi ukwenza ukhetho olulungile njalo. Ngosizo lukaJesu Krestu, uzakwazi ubuyele uyophila noBaba waseZulwini ngesikhathi impilo yakho yasemhlabeni isiphelile.

*Nomakunjalo ukukhumbula kwakho kugciniwe, ngaphambi kokuba uze kulomhlaba wawuphila phambi kukaNkulunkulu, uBaba wakho Waphakade, kanye neNdodana Yakhe, uJesu Krestu. Wajabula ngesikhathi unikezwa igunya lokuza kulomhlaba ukuba uthole umzimba futhi ulandele uhlelo lukaNkulunkulu ukuze uthole injabulo.*

Kumhlaba wakho wokuqala, wafunda ukuthi ngokukhetha kuphela ukulandela uhlelo lukaNkulunkulu ungathola uxolo olungapheli kanye nokuneliseka kulempilo futhi naphakade. Ngokuba Yena uyakuthanda, uBaba waseZulwini wakunikeza intando yokukhetha, noma amandla wokwenza ukhetho. Uvumele ukuba ukhethe ukulandela uhlelo Lwakhe kanye neNkosi uJesu Krestu.

uSathane, omunye wabantwana bomoya bakaNkulunkulu, waphikisana kanye noBaba waseZulwini futhi azange amukele uhlelo Lwakhe. Wayefuna ukusiphoqa thina sonke ukuba senze intando yakhe. Ngeshwa, abaningi abantwana bakaBaba waseZulwini bakhetha ukulandela uSathane. uSathane kanye nabalandeli bakhe basuswa phambi kukaNkulunkulu futhi azange bavunyelwe ukuba bazalwe emhlabeni. Bayaqhubeka ngokuphila ngokomoya. Abajabulile, futhi bafuna nawe ukuba ungajabuli. Bayakulinga futhi nabobonke abantwana bakaNkulunkulu ukuba nenze izinto eziletha usizi futhi ezingagculisi kuNkulunkulu.

*Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***Kuningi esingakufunda futhi sithole isifundo ngalesikhathi salempilo.***

Empilweni yomhlaba wokuqala, wakhetha ukuba nokholo kuJesu Krestu futhi ulandele uhlelo lukaNkulunkulu. Ngenxa yokhetho lwakho, wazalwa emhlabeni. Kuphela ngokwenza ukhetho olufanayo ungathola uxolo kulempilo futhi ukwazi ukubuyela uyophila noBaba waseZulwini emva kokuphela kwalempilo.

## IYINI INJONGO YAMI EMPILWENI?

**Indalo kanye noKuwa**

Umhlaba wadalwa njengendawo lapho abantwana bakaBaba waseZulwini abazophila kuyona futhi bathole isifundo. uAdamu kanye noEva babengabantwana bokuqala bakaNkulunkulu ukuza emhlabeni. Babephila endaweni ebizwa ngokuthiwa iNsimi yaseEdeni, lapho babephambi kobuso bukaNkulunkulu.

uBaba waseZulwini wanikeza uAdamu kanye noEva intando yokukhetha, noma ikhono lokukhetha. Wabatshela ukuba bangadli isithelo sesihlahla sokwazi okuhle nokubi. Ngokulalela lomyalelo kwakusho ukuthi bazohlala ensimini, kepha bangaqhubekeli phambili ngokuthola izifundo kanye nezivivinyo. uSathane walinga uAdamu kanye noEva ukuba badle isithelo okungafanele basidle, futhi bakhetha ukwenza njalo. Lokhu kwakuyingxenye yohlelo lukaNkulunkulu. Ngenxa yokhetho abalenza, bahlukaniswa phambi kukaNkulunkulu ngokomzimba kanye nokomoya. Babezokufa ngokwenyama, okungukuthi, ukuba nesono kanye nokufa. Babengakwazi ukubuyela Kuye ngaphandle kosizo Lwakhe. Ukuhlukana kwabo ngokwenyama kanye nokomoya noNkulunkulu kubizwa ngokuthiwa uKuwa.

uBaba waseZulwini wathumela izingelosi kanye noMoya oNgcwele ukuba ufundise uAdamu kanye noEva uhlelo lwensindiso. Phakathi kwalohlelo Ukuhlawulelwa kukaJesu Krestu, okwenza abantwana bakaNkulunkulu banqobe umphumela woKuwa futhi bathole injabulo kulempilo kanye naphakade.

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

*"Uma uAdamu azange eqe umthetho wayengeke awe, kepha wayezakuhlala ensimini yaseEdeni. . . .*

*"Futhi [uAdamu kanye noEva] babengeke babenezingane; ngakho-ke babezakuhlala esimweni sokulunga, bengenanjabulo, ngoba bengazi usizi; bangenzi okuhle, ngoba bengazi isono.*

*"Kepha qhaphela, zonke izinto zenziwe ngenhlakanipho yakhe owazi konke.*

*"uAdamu wawa ukuze umuntu anga; futhi umuntu ungu, ukuthi angahle athole injabulo."*

**2 Nifayi 2:22–25**

**Impilo Yakho Emhlabeni**

Ngenxa yoKuwa, uhlukanisiwe noNkulunkulu ngokwenyama kanye nokomoya. Lokuhlukaniswa kuyingxenye yohlelo lukaNkulunkulu kubantwana Bakhe. Injongo yakho yokusuka phambi Kwakhe uze emhlabeni kufaka umzimba, ukuthola isifundo, futhi nokufunda ukuba wenze ukhetho olulungile.

Izinto eziningi zempilo ziletha injabulo, futhi ezinye zilethe usizi. Lezizifundo zikusiza ukuba ufunde ukuhlukanisa phakathi kobuhle nokubi futhi ukwazi ukwenza ukhetho olulungile. uNkulunkulu ukufundisa ukuba wenze okulungile futhi ulandele Yena, ngenkathi uSathane ekulinga ukuba uzibe uNkulunkulu futhi wenze isono. (Isono ukukhetha wazi ukwenza okungalungile noma ukungenzi okulungile.) Uma ukhetha ukulandela uNkulunkulu futhi ugcina imiyalelo Yakhe, ukhula ngenhlakanipho kanye namandla wesimilo. Ungathola injabulo nasesikhathini sesivivinyo, futhi ungabhekana nezivivinyo zempilo ngomoya woxolo.

> *"Ngingumtwana kaNkulunkulu,*
> *Futhi ungithumele lapha,*
> *Unginikeze ikhaya lasemhlabeni*
> *Kanye nohlobo lwabazali*
> *abazali abathandekayo.*
> *Ngihole, ungibonise,*
> *hamba kanye nami.*
> *Ngisize ngithole indlela.*
> *Ngifundise konke oku-*
> *mele ngikwenze*
> *Ukuze ngihlale naye*
> *ngolunye usuku."*
>
> ***Amaculo,* nombolo. 301**

Wenze ukhetho oluhle oluningi empilweni yakho, kepha uphinde wenza olunye ukhetho olungalungile. Uma wenza ukhetho olungalungile futhi wenza isono, uzihlukanisa wena ngenye indlela noNkulunkulu. Emibhalweni engcwele kubizwa lokuhlukaniswa ukufa ngokomoya. Ekungezeni kokuhlukaniswa

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***Kumele siqhaphela ngokucabangisisa ukhetho lwethu.***

kwakho noNkulunkulu, isono siletha icala kanye nehlazo. Angeke wanqoba isono kanye nemiphumela yaso ngokwakho.

**Ukuhlawulelwa kukaJesu Krestu**

Ngokuba uBaba waseZulwini uyakuthanda, Wathumela iNdodana Yakhe, uJesu Krestu, ukuzofela izono zethu. Lenhlawulo iyingxenye yoKuhlawulelwa kukaJesu Krestu. uJesu Krestu wazinikela ngokuhlupheka izono zethu, izinhlungu, ukugula, kanye nosizi. Ngowakhe umusa kanye nesihawu, Angakusiza ezivivinyweni zakho futhi akukhulule ecaleni kanye nasehlazweni elivela esonweni sakho.

> *"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuthi loyo okholelwa Kuyena angafi kepha abenempilo engunaphakade.*
>
> **uJohane 3:16**

Ekukhokheleni kwezono zakho, uJesu azange asuse intando yokukhetha noma umsebenzi wakho—Angeke akwenze ube msulwa ngaphandle kwemvumo yakho. Ukuze uthole usizo Lwakhe kanye namandla, udinga ukusebenzisa ukholo Kuyena, uguquke, ubhabhadiswe, uthole uMoya oNgcwele, futhi ukhethe ukulandela imfundiso Yakhe empilweni yonke yakho. Njengoba uthembele Ekuhlawulweni, uzakuzwa uthando lukaNkulunkulu, futhi Yena uzakusiza ubekezelele izivivinyo zakho. Uzakuzwa injabulo, uxolo, kanye nenduduzo. Konke okubukeka kungalungile kungalungiswa ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu futhi nomusa kanye nothando lukaBaba waseZulwini. Ukuhlawulelwa isihloko esiphakathi kohlelo lwensindiso.

## NGIZOYA KUPHI EMVA KWALEMPILO?

Ngombono wasemhlabeni, ukufa ngokwenyama kungabukeka sengathi ukuphela, kepha ngokweqiniso kuyisiqalo, isinyathelo

*Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***uMsindisi wahluphekela izono zethu ensimini yaseGetshsemane.***

esiyaphambili kuhlelo lukaBaba waseZulwini. Ekufeni, umoya wakho uzakushiya umzimba wakho bese uya ezweni lomoya, lapho okuyindawo yokufunda kanye nokuzilungiselela. Ezweni lomoya, ukukhumbula kwakho kwalempilo kuyohlala kunawe.

*Ekufeni kwakho umoya ushiya umzimba wakho bese uya ezweni lomoya, endaweni yokuzilungiselela, ukufunda, kanye nokuphumula ekukhathaleleni kanye nosizi.*

Ukufa angeke kwashintsha isimilo sakho noma isifiso sokulunga noma sobubi. Uma ukhetha ukulandela uKrestu ngesikhathi sempilo yakho emhlabeni, uzakuba noxolo ezweni lomoya futhi uphumule ezintweni ozikhathalele. Labo abakhetha ukungalandeli uJesu Krestu futhi abangaguquki bazakuba nosizi.

2uBaba waseZulwini wayazi ukuthi abaningi abangabantwana Bakhe angeke bathole ithuba lokufunda ngoJesu Krestu ngesikhathi sezimpilo zabo nokuthi abanye abasoze bakhethe ukulandela Yena. Ngoba uthanda abantwana Bakhe, uNkulunkulu waletha indlela yalabo abasezweni lomoya ukuba bafunde ngohlelo Lwakhe, babenokholo kuJesu Krestu, futhi baguquke. Labo abamukela futhi balandele uJesu Krestu bazakuthola uxolo kanye nokuphumula.

## Ukuvuka Kwabafileyo kanye Nesigwebo

Ezinye zezipho ezinkulu zikaNkulunkulu kulabo abeza kulomhlaba uku vuka kwabafileyo, okwenze kwakhonakala ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu. Ngenkathi uJesu efa esiphambanweni, umoya Wakhe wahamba waya ezweni lomoya. Emva kwezinsuku ezintathu, umoya Wakhe wahlanganiswa nomzimba oyinkazimulo, umzimba ophelele ongeke waphinde ufe. Lokhu kubuyiselwa komzimba kanye nomoya kubizwa ngokuthiwa *ukuvuka kwabafileyo.* Wonke umuntu ozalwa emhlabeni uzakuvuka kwabafileyo.

*Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***uMsindisi owavuka kwabafileyo wavela kuMary.***


Emva kokuvuka kwabafileyo, uzakuya phambi kukaNkulunkulu ukuze ugwetshwe ngendlela yemisebenzi yakho kanye nezifiso zenhliziyo yakho.

### Imibuso yeNkazimulo

Emva kokugwetshwa kwakho, uzakuphila esimweni senkazimulo. Ngoba imisebenzi kanye nezifiso zawonke umuntu ziyahlukana, ezulwini kunemibuso ehlukeni, noma izinkazimulo zezindawo.

**Umbuso wokuqala omkhulu.** uBaba waseZulwini kanye noJesu Krestu baphila kumbuso wokuqala omkhulu. Uma uphila ngendlela yevangeli likaJesu Krestu futhi uhlanziwe ezonweni ngoKuhlawulelwa uzakuthola indawo lapha, embusweni omkhulu. Uzakuphila phambi kukaNkulunkulu futhi wazi injabulo ephelele.

**Ukuhlawulelwa kukaJesu Krestu kwenza insindiso yenzeke.**




**Umbuso wesibili omkhulu.** Abantu abangalamukeli ivangele eliphelele likaJesu Krestu kepha baphile impilo ehloniphekile bazothola indawo embusweni wesibili omkhulu.

**uMbuso omncane.** Labo abaqhubekayo nezono futhi bangaguquki bazothola indawo embusweni ophansi.

## Lisho Ukuthini Kimi Loluhlelo?

Uma uzwisisa ukuthi uNkulunkulu unguBaba wakho, ukuthi Yena uyakuthanda, nokuthi wenze kwakhonakala wena uthole imfundiso kanye nolwazi lapha futhi ufane njeNgaye emva kwalempilo, uyazi ukubaluleka kokukhetha kwakho ngesikhathi sempilo yakho. Uyazwisisa ukuthi kumele ulandele uJesu Krestu ukuze uthole izibusiso eziphelele zohlelo likaBaba waseZulwini.



## NGINGAZI KANJANI?

Ulwazi olukhulu lohlelo lwensindiso lize ngenxa Yokubuyiswa kwevangeli likaJesu Krestu ngoMprofethi uJoseph Smith.

Ungakwazi ngokwakho ukuthi lezizinto ziyiqiniso ngokucela kuBaba waseZulwini ngokuthandaza. Uzakuphendula ngoMoya oNgcwele. uMoya oNgcwele uphinde ubizwe ngokuthiwa uMoya kaNkulunkulu, futhi eminye yemisibenzi wawo ukuba ngufakazi, noma ukubeka ubufakazi, beqiniso. uMoya oNgcwele uveza futhi ubeka isiqiniseko seqiniso ngemizwa, imicabango, kanye nokulinganisa. Imizwa leyo evela kuMoya oNgcwele inamandla, kepha ivame ukuba mnene futhi ithulile. Njengoba kwafundiswa eBhayibhelini, "Isithelo soMphefumulo uthando, injabulo, ukuhlupheka isikhathi eside, ubumnene, ukulunga, ukholo, ukuzithoba, [kanye] nokuziphatha" (AbaseGalithiya 5:22–23). Lemizwa iyisiqiniseko esivela kuMoya oNgcwele ukuthi lomlayezo uyiqiniso. Ngakho-ke uzakudinga ukukhetha ukuba ungakwazi ukuphila ngoxolo futhi nangevangeli likaJesu Krestu njengoba libuyisiwe ngoJoseph Smith.

*Ngithandaza Kanjani?*

- *Biza uBaba wakho waseZulwini*
- *Khombisa imizwa yenhliziyo yakho (ukubonga, imibuzo, isicelo sokuqinisekisa ukuthi iNcwadikaMomoni iyiqiniso nokuthi yini abafundisi bezenkolo abayifundisile).*
- *Vala ("Ngegama likaJesu Krestu, Amen").*

***Ungalazi iqiniso ngomthandazo wangempela.***

## UHLELO LWEZIMO

**Impilo yomhlaba wokuqala** Impilo yethu ngaphambi kokuba sizalwe kulomhlaba. Empilweni yethu yomhlaba wokuqala, sasiphila phambi kukaBaba wethu waseZulwini njengabantwana bomoya Bakhe. Besinganayo imizimba yenyama.

**Insindiso** Ukukhululwa esonweni kanye nasekufeni. Insindiso yenzwe kwakhonakala ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu. Ngokuvuka Kwabafileto kukaJesu Krestu, wonke umuntu uzakwazi ukunqoba ukufa. Singaphinda sisindiswe kumphumela wesono sethu ngokuba nokholo kuJesu Krestu. Lokholo luveziwe empilweni yokuguquka kanye nokulalela kwemithetho kanye nezimiso zevangeli futhi nokusebenzela uKrestu.

**Intando yokukhetha** Isipho esivela kuNkulunkulu ukuba ukwazi ukukhetha okuhle nobubi, phakathi kokulunga kanye nokungalungile.

**Izimiso** Isenzo esingcwele, esilungile esenziwa ngegunya lobupristi. Izibonelo zifaka ukubhabhadiswa, ukuthola uMoya oNgcwele, kanye nesidlo seNkosi Izimiso zivame ukuba yindlela yokungena esivumelwaneni noNkulunkulu.

**Izwe lomoya** Lapho imimoya yethu iya khona phakathi kokufa kanye nokuvuka kwabafileyo. Kulabo ebekade belungile ngesikhathi sezimpilo zabo, ezweni lomoya kuzakuba indawo enoxolo kanye nenjabulo.

**Uhlelo lwensindiso** Uhlelo lukaBaba waseZulwini lwenza thina sikwazi ukufana Naye futhi sithole injabulo ephelele. Lohlelo lungaphakathi kokuHlawulelwa kukaJesu Krestu futhi lifaka yonke imiyalelo. Izimiso, kanye nemfundiso yevangeli.

**Ukubonga** Usizo kanye namandla angcwele anikeziwe ngomusa kanye nangothando lukaJesu Krestu. Kungumusa Wakhe, okwenze kwakhonakala ngokuhHlawulelwa Kwakhe, umuntu wonke uzakuvuka kwabafileyo. Kungumusa Wakhe, labo abaqhubeka ngokuguquka futhi baphile ngendlela yevangeli Lakhe bazakuzwa ukusondelana noNkulunkulu okungapheli kulempilo baphinde baphile phambi kwakhe emva kwalempilo.

**Ukufa ngokomoya** Ukuhlukaniswa noNkulunkulu ngenxa yokungalaleli imiyalelo Yakhe. Sisindisiwe ekufeni ngokomoya ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu njengoba siguquka futhi sigcina imiyalelo Yakhe.

**Ukufa ngokwenyama** Ukuhlukana komoya kanye nomzimba ofayo. Uma umzimba wenyama ufa, umoya uyaqhubeka uphile ezweni lomoya. Sinqoba ukufa ngokwenyama ngokuvuka kwabafileyo, okwenze kwakhonakala ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu.

**Ukuhlawulelwa** Isehlakalo leso esenza thina sixolelwe nguNkulunkulu. Ukuhlawula ukuhlupheka ngokuhlawula ngokwezono, ngalokho kususwe umphumela wesono kulabo ekade bayizoni eseziguqukile. uJesu Krestu kwakunguyena kuphela owayekwazi ukwenza Ukuhlawulelwa okuphelele kawonke umuntu. Ukuhlawulelwa Kwakhe kwaletha ukuhluphekela izono zethu, ukuchitheka kwegazi Lakhe, kanye nokufa Kwakhe futhi Nokuvuka Kwabafileyo. Ngenxa yokuHlawulelwa, wonke umuntu oyewaphila uzakuvuka kwabafileyo Ukuhlawulelwa kuphinde kusinikeze indlela yokuxolelwa izino zethu futhi siphile ingunaphakade kanye noNkulunkulu.

**Ukuvuka kwabafileyo** Emva kokufa ngokwenyama, ukuhlangana komoya kanye nomzimba wangenyama ophelele futhi namathambo. uJesu Krestu waba ngowokuqala ukuvuka kwabafileyo. Emva kokuvuka kwabafileyo, umoya kanye nomzimba awungeke waphinde wahlukana, futhi umuntu uphila ingunaphakade. Wonke umuntu oyewaphila uzakuvuka kwabafileyo ngenxa yokuHlawulelwa.

**uKuwa** Isehlakalo esenza umuntu akwazi ukufa ngokwenyama. Umphumela waso kwaba ukuhlukaniswa ngokomoya kanye nokomzimba kuNkulunkulu. Ngenxa kaAdamu kanye noEva, abantu bokuqala, ukungalaleli imiyalelo kaNkulunkulu, bahlukaniswa phambi Kwakhe (lokuhlukaniswa kuphindwe kubizwe ngokuthiwa ukufa ngokomoya) futhi baphile ngokwenyama (babezokufa ngokomzimba). Njengabantwana bakaAdamu kanye noEva, sihlukanisiwe nathi kanye noNkulunkulu futhi sizokufa ngokwenyama. Ukuhlawulelwa kukaJesu Krestu kunqobe ukufa ngokomzimba kanye nokufa ngokomoya.

**uMoya** Ingxenye yomuntu leyo eyaphila noBaba waseZulwini ngaphambi kokuzalwa. Ngesikhathi sempilo emhlabeni, umoya uhlanganiswa nomzimba wenyama. Umoya uyaqhubeka uphile emva kokufa.

## ISIFUNDO ESINGEZIWE

Imibuzo elandelayo kanye nemibhalo yezenkolo ingakusiza ukwazi ukufunda kabanzi ngemithetho kulephamflethi futhi udlinze ngayo. Uhlelo aluphelele; imibhalo engezansi futhi nemibhalo engcwele eqhathanisiwe izakukhombisa imigqa engeziwe kanye nezinto ezingasetshenziswa ngalemithetho.

**Bokuyini ubudlelwane bakho kanye noNkulunkulu ngaphambi kokuba uzalwe?**

uJeremiya 1:5 (iBhayibheli, iTestamente Lakudala)
AmaHeberu 12:9 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

**Kuyini uKuwa? Yingani kwakufanelekile?**

2 Nifayi 2:14–26 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 58–59)
uAlma 42:2–9 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 311–12)

**Iyini injongo yempilo yakho lapha? Lolwazi lungashintsha kanjani izinqumo ozenza mihla yonke?**

2 Nifayi 2:25–27 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 59)
uAlma 34:32 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 295)

**Kuyini Ukuhlawulelwa? Kungakusiza kanjani empilweni yakho yansuku zonke?**

uJohane 3:16–17 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)
AmaRoma 3:23–25 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)
2 Nifayi 2:6–8 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 57)
uAlma 7:11–12 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 225)
uAlma 42:22–23 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 312–13)

**Yini izwe lomoya? Kwenzekani lapho?**

1 uPeter 4:6 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)
uAlma 40:11–14 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 308)

**Kusho ukuthini ukuvuka kwabafileyo? Ubani ozovuswa kwabafileyo? Yingani ukuvuka kwabafileyo kubalulekile?**

2 Nifayi 9:13–15 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 73–74)
uAlma 11:42–45 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 236–37)

**Liyini izulu? Yingani kunamabanga ahlukene wenkazimulo?**

1 AbaseKhorinte 15:40–43 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

# Khonza kanye Nathi

## Woza futhi Uzobona Ukuthi Ivangeli Elibuyisiwe Lingabusisa Kanjani Impilo Yakho



Umhlangano wesidlo seNkosi uwona msebenzi wokukhonza omkhulu. Uvamise ukuthatha ngaphezudlwana kwehora futhi uvamise ukuphathelana naloku okulandelayo:

*Amaculo:* Aculwa yibandla. (Izincwadi zamaculo zinikeziwe.)

*Imithandazo:* Inikezwa ngamalungu eBandla lendawo.

*Isidlo eseNkosi:* Isinkwa kanye namanzi ayabusiswa futhi adluliselwe ebandleni njengesikhumbuzo Sokuhlawulelwa kukaJesu Krestu.

*Abakhulumi:* Kuvamise oyedwa noma ababili abangamalungu ebandla anikeziwe ukukhuluma ngezindaba zevangeli.

*Ukugqoka:* Amadoda kanye nabafana bavimise ukugqoka amasudu noma amabhulukwe kanye nehhembe nothayi. Abasifazane kanye namantombazane bagqoka amalokwe noma iziketi.

Umnikelo awuvumelekile ngesikhathi somsebenzi wokukhonza.

Siphinda sikumeme ukuba uye emhlanganweni eminye, kuya ngokuthanda kwakho kanye neminyaka yobudala okuyona. Uhlelo kanye nokuba khona kwalemihlangano ingashintsha.

*Iklasi langeSonto:* Amaklasi wokufunda imibhalo engcwele kanye nemfundiso yevangeli.

*Imihlangano yobupristi:* Amaklasi wabesilisa kanye nabafana beminyaka engu 12 nangaphezulu.

*Inhlangano Yabesimame Yenkululeko:* Amaklasi wabesimame beminyaka engu 18 nangaphezulu.

*Abesifazane abasebasha:* Amaklasi wamantombazana beminyaka engu 12 ukuya ku 18.


*Iklasi lezingane:* Umsebenzi weqembu kanye neklasi lezingane ezineminyaka engu 3 ukuya ku 11. Iklasi lezingane ezincane ezinezinyanga ezu 18 ukuya kwiminyaka engu 3 ubudala zikhona ngasosonke isikhathi.



Isikhathi senhlangano yesidlo seNkosi:____________________

Intshumayelo evela endlini yokukhonzela:____________________

# Ngingenzani?




- *Funda iNcwadi kaMomoni*

  *Ukufunda okucatshangiwe:* ______________

- *Thandazela ukwazi ukuthi lokho abafundisi bezenkolo abakufundisile kuyiqiniso.*

- *Iya esontweni.*

- *Zilungiselele ukuba uyobhabhadiswa ngo* ______________

- *Vakashela e www.mormon.org ukuba ufunde kabanzi ngohlelo lukaBaba waseZulwini ngabantwana Bakhe.*

- *Qhubeka uhlanganyele nabafundisi bezenkolo ukuze ufunde kabanzi ngeqiniso uNkulunkulu alibuyisile ngabaprofethi bezinsuku zamanje.*

  *Isikhathi sokuhlangenyela esibikiwe ngokuzayo:* ______________

  *Amagama kanye nezinombolo zocingo zabafundisi bezenkolo:*

IBANDLA LIKA
JESU KRISTU
LABANGCWELE
BEZINSUKU ZOKUGCINA

**www.mormon.org**

ZULU
4 02011 97783 6
01197 783

**Isithombe Esinconyiwe**
Isamukelo: Umniningwane ovela ku *Uvukile,* ngu Del Parson. © Del Parson. Ungaphindi
Ikhasi 11: Umniningwane ovela *uKrestu eGethsemane,* ngu Harry Anderson
Ikhasi 13: *Uvukile,* ngu Greg Olsen. © Greg Olsen. Ungaphindi

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Ubhalwe eUSA
English approval: 11/05. Ukuhumusha okuvunyelwe: 11/05. Ukuhumushwa kwe *The Plan of Salvation*
Zulu. 01197 783